## ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

## UMBUZO 1

## INDLELA YOKUMAKA:

1. Ngenxa yokuthi sigxila emqondweni wempendulo; ukungabhaleki kahle kwamagama namaphutha olimi sikushaya indiva/asikunaki ngaphandle uma kuthinta umqondo wempendulo yonke. Omakayo kumele awatshengise ngezimpawu ezisetshenziswayo amaphutha uma ekhona.

2. Uma umfundi esebenzise amagama angekho olimini ahlolwa ngalo, lawo magama ngeke anakwe uma impendulo ayibhalile inomqondo ophelele. Uma kunegama elithathelwe kolunye ulimi embhalweni onikeziwe noma kudingeka ukuthi impendulo inike lona, lokho kuyovumeleka.

3. Imibuzo evulelekile edinga izimpendulo ezinjengoYEBO/CHA noma ANGIVUMI/NGIYAVUMA azinikwa amamaki. Ngokufanayo nalezi ezinjengo-IQINISO/AKUSILO IQINISO noma IQINISO/UMBONO nazo azinikwa amamaki kodwa indlela umfundi asekela ngayo ethola amamaki.

4. Uma impendulo iyigama elilodwa kodwa umfundi abhale umusho wonke; umfundi uthola amamaki uma eyidwebele impendulo noma eyikhombise ngandlela thize.

5. Uma impendulo idinga amaphuzu amabili/amathathu kodwa umfundi wabhala angaphezulu kwalokho, kumakwa amaphuzu amabili/amathathu okuqala okunye kungabe kusanakwa.

6. Umfundi uyanikwa amamaki uma esebenzise ulimi lwesigodi empendulweni yakhe.

7. Emibuzweni lapho umfundi ekhetha impendulo kwazinikiwe; uyawathola amamaki uma ebhale impendulo ephelele kanje:
   Isib: 1.1.14 D/Isango. (okuwuhlamvu oluphelele).

1.1 1.1.1 OKUKODWA kwalokhu:

- Kwakuthiwa amakhompyutha azoqhuma izinhlelo zishabalale nakho konke okugcinwe kuwona.√/
- Babesaba ukuthi imininingwane nezimali zabo kuzoshabalala.√ (1)

1.1.2 C.√/366.√ (1)

1.1.3 Ukudideka okwakukhona emhlabeni wonke.√
(Nokunye okunembayo okutholakala endabeni) (1)

1.1.4 UKyle James Phillippi.√ (1)

1.1.5 Yingoba imininingwane yalo mntwana ayivezwanga ngenxa yemithetho evikela izingane zaseNingizimu Afrika. √√ (2)

1.1.6 OKUBILI kwalokhu:

- Babesebenzisa ama-iPad nama-iPhone ngesikhathi bengena esikoleni.√/
- Baluthola ulwazi ababeludinga komakhalekhukhwini olwalungekho bengakazalwa.√/
- Babezoba nolwazi olwehlukile kolwesizukulwane esidala.√/
- Sasizokwazi ukuxhumana kalula nabantu abaningi.√/
- Sasizokwenza izinto ezingajwayelekile. √ (2)

1.1.7 Ukuthi kulula ukukhumbula iminyaka yabo ngoba akudingi babale noma bacabange kakhulu.√√ (2)

1.1.8 OKUBILI kwalokhu:

- Ukugcina izinwele njengoba zinjalo noma bazigunde emaceleni.√/
- Ukufaka amacici kunoma yisiphi isitho somzimba.√/
- Ukugqoka izimpahla eziveza imizimba.√ (2)

1.1.9 Ukumangala.√√/Ukuthuka√√/Ukungazi ukuthi uzokwenzenjani√√/ Ukudideka.√√/ Ukungakholwa√√/ Ukushaqeka√√ (2)

1.1.10 Uneminyaka esukela kwengama-20 kuya kwengama-21.√ Kufanele ukuba ngabe usesikhungweni semfundo ephakeme.√
(Nokunye okunembayo) (2)

1.1.11 OKUKODWA kwalokhu:

- Yingoba wasebenzisa umculo nevidyo ukuwedlulisa, okuyinto ethandeka kakhulu entsheni ngokwendaba.√√/
- Amavidiyo akhe aveza izithombe zezindawo abazithandayo nempilo abayiphilayo. √√ (2)

1.1.12 OKUBILI kwalokhu:

- Ukudla izidakamizwa.√/
- Ubuvila.√/
- Balindele ukwenzelwa izinto.√ (2)

1.1.13 IQINISO, ngoba umthetho kahulumeni uthi umuntu oneminyaka engaphezulu kweyi-18 usevunyelwe ukuzithathela izinqumo ngempilo yakhe.√√ (2)

1.1.14 Izimpendulo ziyokwehluka:

- Abaholi abahlakaniphile ngoba iningi labo liphasa uMatikuletsheni ngamalengiso.√√/
- Abaholi abathuthukisa amathalente ngoba banamakhono namathalente. √√/
- Abaholi abanekhono lokukhulisa umnotho ngoba baqala besebancane ukwenza imali. √√/
- Abaholi abangamavila ngoba bazalwe izinto sezenziwa ngemishini. √√

(Nokunye okunembayo). (2)

1.2 1.2.1 OKUKODWA kwalokhu:

- Gauteng.√/
- Mpumalanga.√/
- Limpopo. √/
- Western Cape√

(1)

1.2.2 IsiZulu.√ (1)

1.2.3 OKUKODWA kwalokhu:

- Kufanele ukuthi baba nenkinga yokuxhumana nabantu bakuleso sifundazwe ngenxa yokungaluqondi ulimi lwabo.√√/
- Osomabhizinisi abakwazi ukuqhuba amabhizinisi abo kahle ngenxa yokungakwazi ukuxhumana nabantu bakuleso sifundazwe ngolimi lwabo. √√/
- Bangazithola begebengeka kalula ngenxa yokungaluqondi ulimi olukhulunywa kuleso sifundazwe. √√

(Nokunye okunembayo). (2)

1.2.4 Izimpendulo ziyokwehluka:

- Ngingaqinisekisa ukuthi kuba nolimi olulodwa oluyimpoqo olufundwa ezikoleni ukuze abantu bonke baseNingizimu Afrika baluqonde. √√/
- Ngingakhuthaza ababhali ukuba babhale izincwadi ezicathulisa abantu olimini olulodwa olukhethiwe. √√

(Nokunye okunembayo). (2)

**[30]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

## ISIQEPHU B: UKUFINGQA

### UMBUZO 2

**Amaphuzu esingawabheka**:

| | AMAPHUZU ACASHUNIWE | | AMAPHUZU AHUNYUSHIWE |
|---|---|---|---|
| 1. | Ezibhedlela kuyaphazamiseka ukusebenza kwemishini bese iziguli zingahlinzwa ezinye zishone. | 1. | Iziguli azihlinzwa ezibhedlela, ezinye ziyafa ngenxa yokuma kwemishini. |
| 2. | Uma kumnyama kusetshenziswa izinto ezigcina ziyingozi kanti ezinye zidinga imali. | 2. | Abantu kudingeka bakhanyise ngezinto ezibizayo neziyingozi uma kumnyama. |
| 3. | Umphakathi uhlaselwa izigebengu, emakhaya nasemabhizinisini zintshontshe zibabulale. | 3. | Izigebengu ziyasizakala ngokuphela kukagesi ngoba zilimaza abantu futhi zintshontshe emphakathini. |
| 4. | Ukudla okuhlala emafrijini kuyabola kulahlwe uma ugesi ungekho. | 4. | Kuyonakala konke okuphakathi emafrijini uma ecishile. |
| 5. | Ezinkampanini uyama umsebenzi bese kwehla inzuzo nabasebenzi baphelelwa umsebenzi. | 5. | Isimo somnotho siyehla kume ukusebenza ezinkampanini nabantu balahlekelwa imisebenzi yabo. |
| 6. | Ukufunda nokusebenza kuyaphazamiseka ngoba amakhompyutha ayacisha namakilasi aba mnyama. | 6. | Izikhungo zemfundo ziyaphazamiseka amakhompyutha awasebenzi kanti kuba mnyama emakilasini. |
| 7. | Amarobhothi uma engasebenzi kudaleka izingozi, isiminyaminya nokubambezeleka kuwo wonke umuntu. | 7. | Amarobhothi ayacisha bese kwanda izingozi emgwaqweni nesiphithiphithi kungahambeki. |

**Ukumakwa kokufingqa**

Ukumaka kubhekela ukuba khona kwamaphuzu abalulekile nokuhlungwa kwalawo angabalulekile empendulweni.

Ukufingqa kumele kumakwe ngale ndlela:

- **Ukwabiwa Kwamamaki**:
    - Amamaki ayi-7 ngamaphuzu ayi-7 (Iphuzu lilinye labelwa imaki elilodwa).
    - Amamaki ama-3 abelwa ukusetshenziswa kahle kolimi.
    - Isamba samamaki ayi-10.

- **Ukwabiwa Kwamamaki Okusetshenziswa Kolimi Lapho Umfundi Esebenzise Awakhe Amagama:**
    - Iphuzu eli-1 kuya kwama-3: Uklonyeliswa ngemaki eli-1.
    - Amaphuzu ama-4 kuya kwama-5: Uklonyeliswa ngamamaki ama-2.
    - Amaphuzu ayi-6 kuya kwayi-7: Uklonyeliswa ngamamaki ama-3.

- **Ukwabiwa Kwamamaki Okusetshenziswa Kolimi Lapho Umfundi Ecaphune Njengoba Kunjalo Esiqeshini:**

    - Amaphuzu ayi-6 kuya kwayi-7: Akaklonyeliswa lutho ngemaki lolimi.
    - Iphuzu eli-1 kuya kwama-5: Uklonyeliswa ngemaki eli-1 lolimi.

**QAPHELA:**

- **Ukubalwa Kwamagama:**
    - Abamakayo kulindeleke ukuthi babale inani lamagama asetshenzisiwe.
    - Awekho amamaki asuswayo uma umfundi engalibhalanga inani lamagama asetshenzisiwe noma elibhalile kodwa kungesilona.
    - Uma inani lamagama asetshenzisiwe leqile, omakayo kumele afunde aphelele emshweni wokugcina ngaphezulu kwesibalo esibekiwe, angabe esakunaka okulandelayo.

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

## ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

### Indlela yokumaka ISIQEPHU C

- **Ukupelwa kwamagama/Isipelingi**
  - Izimpendulo ezidinga igama elilodwa mazimakwe ngisho kunamaphutha esipelingi, ngaphandle uma iphutha lishintsha umqondo/incazelo yegama.
  - Uma impendulo ingumusho ogcwele, amaphutha esipelingi awanganikwa amamaki uma kuhlolwa ulimi.
  - Uma kuhlolwa isifinyezo, impendulo mayibe nophawu lokuloba olufanele.
- Ukwakhiwa kwemisho makulandele uhlelo lokusetshenziswa kolimi olufanele.
- Emibuzweni lapho kukhethwa khona izimpendulo, yamukela KOKUBILI uhlamvu oluhambisana nempendulo efanele NOMA impendulo efanele ebhalwe ngokugcwele.

### UMBUZO 3

3.1 Abantu abanesifiso sokuvula ibhizinisi le-Franchise kodwa abangenayo imali yokulithenga.√ (1)

3.2 OKUKODWA kwalokhu:
- Ungabafonela.√/
- Ungavakashela ku-website.√ (1)

3.3 ?√ noma !√ (1)

3.4 D.√/Ulimi oluncengayo.√ (1)

3.5 Sizakala ngokuxhumana neBusiness Finance yaseThala√/yase-√Ithala kule nombolo√. (2)

3.6 OKUBILI kwalokhu:
- Siyasebenza.√/
- Silungiselela impumelelo nge-Franchise Fund. √/
- Sicela ukhulume nathi. √/
- Ndawonye singenza kwenzeke. √ (2)

3.7 Okulindelekile:
Yebo, ngoba kukhona: (OKUBILI kwalokhu)
- ifonti ehlukene.
- izithombe.
- igama lokukhangiswayo.
- imininingwane yokukhangiswayo.
- ulimi olusetshenzisiwe.

(Nokunye okunembayo). (2)

**[10]**

## UMBUZO 4

4.1 Imfuyo/ngemfuyo.√ (1)

4.2 eliyisiqalekiso.√ (1)

4.3 ezizokwebiwa.√ (1)

4.4 A√/impandla. √ (1)

4.5 Imisho iyokwehluka. Makuvele incazelo yomfanekiso wento ethile, ohamba nayo ngaso sonke isikhathi.
Isibonelo: Ngethuswe ukubona **isithunzi** somuntu edlula efasiteleni ebusuku.√√ (2)

4.6 Kulukhuni.√√/Kunzima.√√/Kungaphezu kwamandla./Izinto azihambi kahle.√√/ Akulula.√√/ Akubekezeleki.√√ (2)

4.7 Izimpendulo ziyokwehluka: OKUKODWA kwalokhu ngohlangothi ngalunye:

Yebo ngiyavumelana ngoba:
- Intuthu ephuma enqaweni ingabaxhopha.√√/
- Abafundi bangaphazanyiswa yiphunga elibi.√√
-

**NOMA**

Cha ngiyaphikisana ngoba:
- Abafundi abamnakile uthishomkhulu, balalele uthisha wabo obafundisayo. √√/
- Abafundi kungenzeka bakwejwayele ukubona uthishomkhulu wabo ebhema inqawe.√√

(Nokunye okunembayo) (2)
**[10]**

## UMBUZO 5

5.1 5.1.1 Isijobelelo sesikhuliso.√ (1)

5.1.2 iRepublic of South Africa.√√ (2)

5.1.3 Isimo sezulu asinezezeli kule nkinga.√ (1)

5.1.4 D.√/Indlela ephoqayo.√ (1)

5.1.5 Nkwe.√ (1)

5.1.6 Kanzima.√
Isibonelo: Umkhulu usebenze **kanzima** ukuze azuze umnotho. √ (2)

5.1.7 OKUKODWA kwalokhu:
- Abalimi abasakwazi ukutshala **ngoba** umhlabathi womile kakhulu.√√/
- Umhlabathi womile kakhulu **ngakho-ke** abalimi abasakwazi ukutshala. √√ (2)

| | | | |
|---|---|---|---|
| | 5.1.8 | Uyazamazama.√ | (1) |
| | 5.1.9 | Bodwa.√ | (1) |
| | 5.1.10 | Umlimi uNomzamo uthe√ uyabonga ngokuxhaswa/ukuxhaswa nguhulumeni.√ | (2) |
| 5.2 | 5.2.1 | 'Umuntu wesifazane akakhulumi kanje nomuntu wesilisila.'√ | (1) |
| | 5.2.2 | Umuzwa wokucasuka.√/wokudinwa.√/wokuthukuthela.√ | (1) |
| | 5.2.3 | Isibabazo.√√ | (2) |
| | 5.2.4 | Ukukhuluma kuze kweqe.√√/Ukukhuluma njalo.√√ (Nokunye okunembayo.) | (2) **[20]** |

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 40**
**AMAMAKI ESEWONKE: 80**